# HILLCREST HIGH SCHOOL

**UMNYANGO WESIZULU**
**UKUHLOLA OKUQASHELWE**

## IBANGA LE-10

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**
**(FAL)**
**UKUHLOLA KUKANHLANGULANA 2023**

**IMIKLOMELO: 80** **ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Dwebela umugqa ephepheni esandleni sakho sokudla
3. Phendula YONKE imibuzo.
4. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
5. Bhala ngesandla esifundekayo nesibonakalayo.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu ngasinye
7. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezibhalwe ngayo ungazishintshi.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

1.1 Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Lucas Radebe (1969 - )

ULucas Hadebe wazalwa mhla ziyi-12 Mbasa 1969 endaweni yase Diepkloof eSoweto. Wagila izimamga emdlalweni webhola likanobhuthsuzwayo eNingizimu Afrika naphesheya kwezilwandle. Indawo yaseSoweto uyishiye eneminyaka eyi-15 lapho abazali bakhe babemubalekisela imibhikisho enodlame walibangisa eBophutatswana. Ubengumlandeli omkhulu webhla likanobhutshuzwayo esakhula. Uthando lwebhola lwamenza wakhetha ukudlalela iqembu ICL Birds eyayingaphansi kwesigaba seBophutatswana Soccer League. Uqale ukudlala engunozinti kodwa wagcina esedlala esiswini. Kahle kahle kayikho indawo angayidlalanga ebholeni. Lokhu bekumenza abe nobuhlakani obumangalisayo ebholeni.

Iqembu le bhola iKaizer Chiefs liqale ukunaka ithalente lakhe ngonyaka we-1989 nalapho lamsayinisa khona ukube abe ngumdlali walo. Ukuhlakanipha nokuba nomzimba othambile yiko okumenze waba ngumdlali ophambili eqenjini iKaizer Chiefs. Ube esedlalela iqembu lesizwe (Bafana Bafana) okokuqala ngonyaka we-1992. Lokhu kwenzeka emva kokudutshulwa abantu abangaziwa emhlane ngonyaka we-1991. Lokhu kulinyazwa kwakhe kwacishe kwamqedela ikusasa lakhe ebholeni noma **aye kwagoqanyawo**. Ziningi izindebe aziwina neqembu lakhe iKaizer Chiefs. Wagcina esengukaputeni walo leli qembu. Esadlalela iKaizer Chiefs uke waba nesifo sokuwa. Konke lokho kakumenzanga walahla ithawula ebholeni.

Ngonyaka we-1994 ube eseyodlalela iqembu lapTesheya eNgilande iLeeds United. Yize eqale waba nezinkinga kodwa ugcine esengumdlali othandwa kakhulu ngabalandeli beqembu abase bemdlaisa ngokumbiza ngo "the Chief". Ngonyaka we-1998 emva kokudlalela iqembu lesizwe le bhola iBafana Bafana neyaba ngompetha be African Nations Cup ngo nyaka we-1996, iqembu iLeeds yambeka waba ngukaputeni weqembu. Emva kokubuyela eNingizimu Afrika ukuzohola iBafana Bafana ngezikhathi zeNdebe yomhlaba uRadebe ubegxile ekwenzeni iqembu lakhe elinye kwavelele. Iqembu lakhe laphuma indawo yesine ngonyaka we-1998/1999 ku-English Premiership kwathi ngonyaka olandelayo laba sendaweni yesithathu nokwenza langenela umncintiswano obizwa nge-European Cup manje osuwaziwa nge Champions League.

Ngonyaka wezi-2000 walimala kabi edolweni naseqakaleni wahlala iminyaka emibili engalikhahleli ibhola, ngonyaka we-2002 walulama wabe esedlalela iqembu labancane imidlalo emini. Lokhu kwamenza wabizwa ukuzodlalela iqembu lesizwe iBafana Bafana emidlalweni yendebe yomhlaba engukaputeni. URadebe manje ungomunye wabadlali asebedlalele izwe lakhe isikhathi eziningi.

Impumelelo ka Radebe kayigcinanga enkundleni yebhola kodwa ubonakale esekela izinhlaka eziningi okubalwa imfundo, ukunikela kulabo abahlwempu, iStarfish esiseka abanesandulela ngculaza negciwane lengculaza. Uthweswe iziqu Master of Social Sciencesyinyuvesi yaseKapa ngo 2005. Useke waba ingxusa leFIFA le nhlangano ye

SOS Children's Village. Uthole umklomelo wokuba owethembekile mayelana nemisebenzi yakhe yokulwa nobandlululo ebholeni likanobhutshuzwayo.

URadebe ushade noThobela Silver emva kokushonelwa unkosikazi wakhe wokuqala uFeziwe emva kokuphathwa isifo somdlavuza. Unezingane ezine uLucas Junior, Ofentste, Owami no Jessica. Ngoyaka we-2021 abalandeli beLeeds United bahloniphe uRadebe ngokwembula umdwebo wakhe omkhulu ukukhombisa ukumhlonipha ngeqhaza alibamba ekulweni nobandlululo ebholeni. Siyambongela uRhoo ngokuhlonishwa phesheya kwezilwandle.

1.1.1 Ubani igama lomuntu ekukhulunywa ngaye kule ndaba? (1)

1.1.2 Bhala igama lomdlalo adume ngawo uRadebe. (1)

1.1.3 Yisiphi isizathu enza uRadebe ashiye ilokishi langakubo? (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe

Lichaza ukuthini ibinzana lamagama elisesigabeni sokuqala elithi,

**aye kwagoqanyawo** Khetha impendulo kozinikeziwe ngezansi.

A ukuyeka ibhola

B ukufa

C ukugoqa izinyawo

D esibhedlela (2)

1.1.5 Bhala izinto EZIMBILI ezenza uLucas athandwe yiKaiver Chiefs (2)

1.1.6 Ngokucabanga kwakho kwaba namthelela muni ukudlala izindawo ezahlukene kukaLucas? (2)

1.1.7 Ukuziphatha kahle kukaLucas kwaba namthelela onjani kubalandeli bebhola bapheshya kwezilwandle. Sekela impendulo yakho (2)

1.18 Veza iminyaka eyayijwayele ukuthathwa izinsizwa zilandela intombi. (1)

1.1.9 Yikuphi ongakwenza wena uma usufuna ukungena othandweni Okwehlukile kulokhu okubalwe endabeni? Bhala OKUBILI (2)

1.10 Chaza lezi zimo zokukhuluma ngendlela ezisebenze ngayo endabeni:

1.10.1 Ukukhipha ucu (2)


1.10.2 Kusempondozankomo (2)

1.11 Shono ukuthi lesi sitatimende esingezansi singumbono noma iqiniso:

Omakhalekhukhwini bayingozi kubo bonke abantwana abasafunda isikole Uma kuza kwezothando. Sekela impendulo yakho. (2)

**[20]**

1.2 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.



1.2.1 Yikuphi okusikhombisa ukuthi le ndawo engenhla eyasemaphandleni? (2)

1.2.2 Yikuphi okungubufakazi bokuthi imfashini iyaziwa kule ndawo? (1)

1.2.3 Qhathanisa izithombe zabafana ubhale amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi abalingani ngamazinga empilo (2)

1.2.4 Kubafana abasesithombeni yibaphi abasengcupheni yokulimala Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA (1)

**[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**
**UMBUZO 2**
Funda **UMBHALO B** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezindlela zokuxhumana ezinhle.
**IMIYALELO:**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/ angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO B (Ofundwayo)**

**Izindlela zokuxhumana ezinhle**

ela zokuxhumana ezinempumelelo. Abantu abaningi bayakukhohlwa ukuthi ukuxhumana kudinga abantu ababili noma ngaphezulu. Kubalulekile ukuba umuntu oxhumana naye naye akuzwe futhi akuqondisise.

Abanye abantu basebenzisa imizwa yabo uma befuna ukuthulula lokhu okungabaphethe kahle. Bagcina sebengasabheki isikhathi abakhuluma ngaso nalowo muntu. Usathi uzilalele uzwe ngomuntu ekubuza izinto ezidinga uzicabangisise ngaphambi kokuba uziphendule. Kubalulekile ukuqaphela isikhathi sokukhuluma nomuntu ofuna akuzwe.

Kwesinye isikhathi uvele uthola ngomuntu esekubuza into enkulu ocingweni engazange akubuze ukuthi indawo okuyo ingakuvumela ukuba nikhulume. Masiqale sibuze noma sibheke ukuthi umuntu esifuna ukukhuluma naye usendaweni emvumelayo ukuba akhulume.

Uma kunento okufanele uyetshele umuntu ayizwe kahle kufanele ukhulume ngolimi aluqondayo. Ulimi aluqondayo luya enhliziyweni kanti ilimi ongaluqondi luya engqondweni ejahe ukuphendula. Ukukhuluma ngolimi umuntu aluqondayo lwenza akucabangisise ngolimi lwakhe lokhu okushiwo kuko ngaphambi kokuphendula. Uma udinwe kakhulu kufanele uzame ukuqikelele ukuthi ukgxila kulokhu obuhlose ukukhuluma ngakho. Ukukhuluma izinto eziningi kuyamdida lo okukhulunywa naye.Uthola lo okukhulunywa naye esephendula izinto ezingahambisani nalokhu obekukhulunywa noma kubuzwa.

Ayikho into ecasula njengomuntu othi uma ukhuluma avele akungene emlonyeni. Abantu kufanele bafunde ukumlinda umuntu akhulume aze aqede. Ukumphazamisa kungenza lo okhulumayo akhohlwe yilokhu abezama ukukusho. Uma kunemibuzo okufanele ibuzwe

enkulumweni kufanele ihlelwe kahle ukuze lo ophendulayo angaphenduli ngegama elilodwa. Imibuzo mayibe yile efuna umuntu achaze.

Kulo okufanele aphendule umbuzo abuzwa wona kufanele azenelise ukuthi uwuzwa kahle umbuzo. Lokhu angakwenza ngokuthi acelwe ukuphindelwa umbuzo noma umbuzo ubuzwe ngenye indlela. Eminye imibuzo ingakwenza uphendule into okungesiyo.

Kumele abantu baqaphele ukuthi uma bekhuluma nomunye umuntu bathola izimpendulo eziyiqiniso, hhayi lezi ababezicabanga bengakawubuzi umbuzo. Lokhu kwenza ukuxhumana kube nomphumela omuhle.

[Umbhalo wokuziqambela]

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBUZO 3**

Fundisisa UMBHALO C bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO C (Ofundwayo)**



# IsiZulu Evening



**Woza uzozibonela abafundi bebanga leshumi nambili nabebanga leshumi nanye beziggaja ngemvelaphi yabo.**



Indawo: Hillcrest High School Hall
Usuku: 27 Ntulikazi 2023
Isikhathi: 18h30
Imali yokungena: R40 -Abadala
R20 -Izingane
R20 – abafundi abagqoke inyufoma

**Sithi kazibuye emasisweni!**



Ungaphuthelwa yilokhu:

- Ukusina kwabafana
- Ukusina kwamantombazane
- Isicathamiya
- Igumb boots
- Izinkondlo

**Imigomo nemibandela**

Amathikithi athengwa esikoleni ngaphambi kosuku lomcimbi.
Zibhukhele indawo nomndeni wakho.

3.1 Ubizwa ngani mcimbi wani lo okhangiswa lapha? (1)

3.2 Abafundi bamaphi amabanga abayobe beshiyelana inkundla? (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo
Isimo sokukhuluma esithi **kazibuye emasisweni** sichaza ukuthi:
A Masibuyeleni ekwenzeni amasiko
B Masibuyele ebusweni.
C Masiyeke amasiko amadala.

D Izinkomo kazibuye emadlelweni. (1)

3.4 Bhala isu elilodwa elisetshenziswe ngumbhali ukuheha abantu. (2)

3.5 Ngokucabanga kwakho kuzobasiza kanjani abahleli bomcimbi uma abafundi abaningi begqoke inyufoma. (2)


3.6 Hlobo luni lwebizo elilandelayo?
**inyufoma** (1)

3.7 Guqula leli bizo elilandelayo libe isabizwana soqobo.
**Isicathamiya** (1)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bhekisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

**UMBHALO D (OBUKWAYO)**




4.1 Bakuliphi idolobha laba abakhuluma kule khathuni? (1)
4.2 Bhala igama lesiZulu elisho "**osisi"** **(1)**
4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.
Isimo sokukhuluma esithi, "ilahlile le wigi sichaza:

A Iwigi yinhle.
B umnikazi wayo iphara.
C into yokulahlwa.

D kayinamnikazi. (2)

4.4 Hlobo luni lwempambosi olutholakala kulo musho olandelayo? (2)
4.5 Ngokucabanga kwakho, yini edala ukuba izingane zigcine zingamapara? (2)
4.6 Yini eyenza amapara abone kulula ukuthatha amawigi kubantu besifazane? (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO)**

Kasisekho isidingo sokubuka amasopie kumabonakude. Ababhali bale midlalo sebeyakopelana. Uthola ukuthi emidlaweni eminingi kwenzeka into efanayo. Ngesikhathi esifanayo kuyashonwa noma kube khona oboshwayo nokunye. Umbuzo engizibuza wona ukuthi amasopie akithi asifundisani ngempela. Sengike ngahlala cishe amasonto amane kodwa kangikaze ngiyibone isopie ekhuluma ngezinto ezakhayo. Okuhamba phambili ucansi, izidakamizwa, ukubulala mnayo yonke into ongayicabanga enomthelela omubi kubabukeli bayo. Amasopie esengike ngawabuka ngabona ukuthi adunga umqondo wami adlala ngesikhathi Izingane zibuka Umabonakude.

5.1.1 Lungisa igama elilandelayo ngokufaka uphawu olulungile
amasopie (1)

5.1.2 Tomula igama eliyisichasiso kulo musho olandelayo bese ubhala uhlobo Lwesichasiso
Abadlali bale midlalo sebeyakopelana (2)

5.1.3 Nciphisa leli gama elilandelayo bese ulisebenzisa emshweni wakho.
**amasonto** (2)

5.1.4 Bhala isigaba saleli bizo elilandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.
**ucansi** (1)

5.1.5 Ibizomuntu elilandelayo lisuselwe kuluphi ucezu lwenkulumo?
**Ababhali** (2)

5.1.6 Yisho ukuthi yimiphi imizwa edluliswa yilama binza agqamile:

5.1.6.1 **Ngcingci** ngadla mina kababa
5.1.6.2 **Nxese** bandla kuzolunga

5.1.7 Bhala igama elimqondofana nelithi: **'umncintiswano'** (2)

5.1.8 Shono uhlobo lwesifengqo esitholakala kulo musho ongezansi.
Bonke laba ababhimbile abebekikiliga njengenkukhu. Khetha kulezi:

A Isifaniso
B Ihaba

C Isenzasamuntu (2)

5.2 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

| |
|---|
| Ngenkathi uNokwanda eshadela kwaDlamini njengomlobokozi kwakulindeleke ukuba aziphathe ngendlela ethile. **Umuzi** aganele kuwo wawuhloniphеke kakhulu. Phakathi kokunye ukugwema ukubiza amagama athile ahloniphe abathile kulo muzi. Wayesebenzisa elithi **amaqaphelo** uma egwema ukubiza ubabezala. **Inyanga** yakulo muzi aganele kuyo yayibayalile ukuthi bangalokothi bakhohlwe ukubethela uma sekuzoduma izulu ehlobo. UNokwanda wayezoqeda iminyaka **ewu-10** eganele lapha kwaSibalukhulu. **Umtholapilo** ayewusebenzisa wawuseduzane kakhulu nomuzi aganele kuwo. Wazala umfana **omkhulu** omude. |

5.2.1 Yakha umusho ngegama '**umuzi**' usuliguqulile laba sebuningini (2)

5.2.2 Bhala igama elifanele esikhundleni saleli lokuhlonipha '**amaqaphelo**' (1)

5.2.3 Yakha umusho ngegama **'inyanga'** kuvele umqondo owehlukile kunalo osesiqeshini (2)

5.2.4 Lungisa iphutha kulo musho:
UNokwanda wayesezoqeda iminyaka ewu-10 eganele kwaSibalukhulu. (2)

5.2.5 Hlobo luni lwebizo **'umtholampilo'**? (1)

5.2.6 Shono uhlobo lwesichasiso kulo musho:
Wazala umfana **omkhulu**. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**